# Hillcrest High School

Umnyango wesiZulu

## IBANGA LE-10

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESIBILI

## ISIVIVINYO SIKANHLANGULANE

AMAMAKI: 70 ISIKHATHI: 2 AMAHORA

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Phendula yonke imibuzo kuleli phepha.
2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu ezimbili
   Isiqephu A: Izindaba ezimfushane
   Isiqephu B: Inoveli
3. Fundisisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuphendula.
4. Bhala ngesandla esibonakalayo.
5. Ungaxovi izinombolo.

**ISIQEPHU A: Izindaba ezimfushane**

**Izinhliziyo ezibuhlungu: Sthembiso Khwela**

**UMBUZO 1**

Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

Anikine ikhanda uDumisani, ambukisise umngani wakhe.
“Mmm…wena Senzo ukhuluma kanje awuzenzi. Wenziwa ukuthi ingqondo uyivalele ekopini.”
“Usuyabheda-ke manje! Ikhanda lami liyikopi?” Ebuza ngokucasuka.
“Ngizolibiza ngekopi ngoba uyahluleka ukucabanga ukuthi kumele ungene esikoleni, ufunde ukuze ijele lingeke lifiphaze ikusasa lakho.” Kubeka uDumisani ngesineke.
Wena awusayinakile-ke iminyaka engamashumi amabili le oyihudulayo. Usunake mina. Musa ukunginaka *please!”* asho asukume aphume uSenzo ayaluze ngaphandle ngoba phela iyona nto ayazi kahle leyo. Ukuyaluza nje. Uma engayaluzi, usuke egqolozele ithelevishini. Lapho-ke umthola elokhu ekhomba amantombazane Amahle, elokhu ethi, “Eishhh!” USenzo-ke lowo, umfo kaKhumalo.

Alishone-ke ilanga. Indoda nesigwebo sayo kumele **iyozishutheka** emashidini. Yilapho-ke la kubuya yonke imicabango nosizi lokugwetshwa. Izinyembezi ziyehla zibe umfula futhi uma isidingo sikhona. NoSenzo-ke ukuleso simo njengamanje. Okwakhe kuxubile njengoba kuqukethe usizi lwakhe jikelele kanye nale nto ayitsheliwe. Noma sithi nje umbono kaDumisani. Iqili lamaqili. Elimqondo walo uhlale undiza. Lowo mbono phela wokuthi abhalele ephephandabeni, kule ngosi ethi, “izinhliziyo ezibuhlungu.” Yilapho amabhungu namatshitshi ebika khona usizi lokudikwadikwa isizungu.

1.1 Shono ubudlelwano phakathi kukaSenzo noDumisani. (1)

1.2 Hlobo luni lodweshu olutholakala esiqeshini esingenhla? (1)

1.3 Ngabe umbhali ukwazile ukugcina umgomo wenani labalingiswa? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.4 Nikeza incazelo yegama elibhalwe ngokugqamile ngezansi. (2)

Indoda nendoda nesigwebo sayo kumele **iyozishutheka** emashidini.

1.5 Phawula ngesingeniso sale ndaba. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

1.6 Isiphi isizathu esenza uSenzo azishintshe igama? (2)

1.7 Kwaba namthelela muni kuSenzo ukwemukela umbono kaDumisani? (2)

1.8 Phawula ngengwijikwebu etholakala kule ndatshana. (2)

1.9 Ngokubona kwakho, kuyinto enhle yini ukuthi abantu ababoshiwe bathandane

nabangaphandle? Sekela impendulo yakho. (2)

**UMBUZO 2**

**Bengingeke ngisakwazi: Sthembiso Khwela**

UMBHALO B (OFUNDWAYO)

Wathi bhakla isicabha washingila akangalinda ngisho ukuzwa uNtombi ukuthi umphendula uthini. Uthi, “Yebo ma” nje uNtombi, usezikhulumela nomoya. Emva kwesikhashana nje yabe seyiphumile eReservoir Hills imoto kaManduli. Yathi ifika esiteshini samaphoyisa, waqhashisa okwenhlamvu engena ngaphakathi. Wangena wathi qala qala, wabe eseqhwetshwa elinye lamaphoyisa athi angafika eduze kwalo lase lithi, “UnguNkosikazi Sikhosana angithi?”

“Yebo Mnumzane…” Umzimba usuvevezelisa okomhlanga emanzini.
“Ngiphuthuma bo, uphi umyeni wami?”
“Ungethuki kangako Nkosikazi. Yebo, sona isimo sibana. Kodwa ngeNkosi akaphumelelanga usathane.” Ngokufutheka: “Cacisa bo Mnumzane udliwe yini umyeni wami?” kuthi ukudlula ingelosi isikhashana, aphulule ikhanda eliphuciwe usaytsheni. Aphefumulele phezulu.
“Umyeni wakho utholakale ezilengisile e…” **Washaqeka kwaphela nasozwanini** uMaNduli.

2.1 Ubani igama nesibongo saloyo owatholaka owatholakala ezilengisile. (2)

2.2 Kungani uMaMdluli engafunanga ukulinda amaphoyisa? (2)

2.3 Isihloko sale ndaba siyahambisana nokwenzeka kuyo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

2.4 Chaza Isimo sokukhuluma esibhalwe ngezansi.

Washaqeka kwaphela nasozwanini. (2)

2.5 Yini eyadala ukuba umyeni kaMaNduli azilengise. (2)

2.6 Nikeza umoya otholakala esiqeshini esingenhla bese usekela ngesibonelo ESISODWA. (2)

2.7 Chaza kafushane ngezizathu ezenza ukuba uNtombi athathe impilo yakhe. (2)

2.8 Phawula mayelana nesiphetho sale ndatshana. (2)

2.9 Ngokucabanga kwakho ikuphi okwakungenziwa uNtombi ngaphandle kokuthatha impilo yakhe. (2)

**[35]**

**UMBUZO 3 UMCULO OMNANDI- S. KHWELA**

UMBHALO C (OFUNDWAYO)

"'Hello, " kuvuma izwi lowesilisa. Amangale nje uZandisile ukuthi ubani lo osebhodla ocingweni lwakwabo.

" Hello uZandi lo. Ngikhuluma nobani? Nya. Angabe esaphendula lo mlisa. Kuzwakale futhi ukuthi selubekwe eceleni. Emva kwesikhashana alubambe uMaZubane, unina kaZandisile.

"KukwaZuma lapha ekhaya, ngingakusiza?"

'Yebo mama, yimi uZandi. Ubani lo obambe ucingo ekuqaleni?"

"Hhayi. Cha u…u… uthini Zandi?"

" Cha mama. Ukuthi ngithuswe yilo **obambe ucingo**. Kanti usefikile yini umzala uVukani?"

Avele ahleke unina.

"Hhayi , yilo mfanyana obezothenga udilinki."

"Ngiyezwa-ke. Bese ngixakeka nje. Cha, bengithi angikwazise ukuthi lo 'Boy Boy' wakho ohlezi umteketisa usengimise ngaze ngamuncu izinyawo la eWorkshop.

"Hhayi bo Zandi, usho uFreddy-Boy yini?"

"Ehhe Mama."

"Ngeke uFreddy ayenze leyo nto. Mhlawumbe nguwe osujahile."

"Usho njalo ngoba ungazi. Ubethe sizohlangana ngoleveni, sekushaye uthwalofu manje. Ukuba ngijahile ubungeke ungishayele la uthwalofu.

"Banjalo mntanami abantu besilisa. Abasigcini isikhathi. Siseyizintombi sasithi abafana bayafana, njengokusho kwegama labo. Wena-ke uzomthathaphi ozogcina isikhathi? Bekezela, uzombona esethi qhamu.

3.1 Ubani igama lowesifazane oshaye ucingo lapha? (1)

3.2 UZandisile wayelushayela bani lolu cingo? (1)

3.3 Bhala igama lendawo uZandisile ayeme kulo elinde uFreddy? (1)

3.4 Ucabanga ukuthi ucingo lwabanjwa ngubani? Sekela imbendulo yakho. (2)

3.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe echaza isimo sokukhuluma esilandelayo.

**Obambe ucingo**

A Ukuphatha ucingo.

B ukulalela ucingo.

C ukuphendula ucingo.

D ukushaya ucingo. (1)

3.6 Laliculwa ngubani iculo afika uZandisile licula emsakazweni endlini kubo? (1)

3.7 Sithini isithakazelo sesibongo sikaZandisile esikule ndaba? (1)

3.8 Xoxa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka kuZandi ngesikhathi elindiswe uFreddy okokuqala. (2)

3.9 Tomula umusho osesiqeshini ofakazela ukuthi kwaZuma banesitolo. (2)

3.10 Yisiphi isizathu esenza uZandisile angabe esaya kwaFreddy eChesterville? (2)

3.11 Kungabe umbhali wale ndaba ukwazile ukugcina imigomo yendaba emfushane uma sibheka abalingiswa. Sekela impendulo yakho. (2)

3.12 Yimaphi amalokishi AMABILI le ndaba eyenzeka kuwo? (2)

3.13 Wawungameluleka uthini uZandisile emva kokufica isoka lakhe lihleli nomama wakhe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**UMBUZO 4 -ITOYITOYI – NG SIBIYA**

UMBHALO D (OFUNDWAYO)

| |
|---|
| "Kufanele phela Fuze. Sekuzofezeka amaphupho akho. Inqobo nje uma bemthathile. Kakukho nokuncane ukungabaza ukuthi uyofike aphumelele nasezifundweni zakhe." Avume ngekhanda uNgcobo. Azame ukumonyozela. **Ibambene impi** lapha ngaphakathi kuye. Usuke acabange uMpiyakhe nekusasa lakhe. Abuye acabange labaya bantu abangaphesheya kanye namathemba abo. Anikine ikhanda.<br>"Eyi, kulukhuni."<br>"Kakukho nto elukhuni Fuze. Bazomthatha uMpiyakhe. Sengiyilungisile nemali azofunda ngayo. Useyode engibuyisela kancane uma esesebenza. Asukume. "Konke lokho ngikwenza ngenxa yakho Fuze. Ngizama ukubonga ukubambisana kwethu nokuziphatha kahle okukhombisile kuyo yonke le minyaka. Ziyahlupha phela izinduna lapha phandle. Kamuva nje yizona ezihamba phambili nakumatoyitoyi." Ahleke kancane. Abuke uNgcobo. Bese enikina ikhanda, ekhuluma ngeligcizelelayo: "Uma ungase ushaye itoyitoyi nje Fuze ungabe uzikhiphe waziqeda kimi. NoMpiyakhe ngeke ngisayingena indaba yakhe."<br>Cha baqede-ke uMehlwenkunzi usevalelisa ngalo elokuthi kungenzeka angabi bikho ngesonto elizayo. |

4.1 Obani amagama amadoda akhuluma kulesi siqeshana? (2)

4.2 Bhala igama lo mfana ozoya kofunda enyuvesi. (1)

4.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo. Amazwi athi, "**ibambene impi** lapha ngapakathi." Ayisibonelo:

A udweshu lwangaphandle.

B isisusa sodweshu

C udweshu lwangaphakathi,

D ingwijikhwebu. (1)

4.4 UMpiyakhe wayezofunda kuyiphi inyuvesi? (1)

4.5 Bhala isithakazelo sesibongo uNgcobo esikule ndaba. (1)

4.6 UNgcobo wayenasiphi isikhundla emsebenzini? (1)

4.7 Hlaziya le ndaba ubhekisa kulezi zihlokwana ezilandelayo

a) Isizinda senkathi. (2)

b) uvuthondaba (2)

4.8 Igama likaMpiyakhe lihambisana kanjani nokwenzeka endabeni? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

4.9 Ucabanga ukuthi kwaba isinqumo esihle yini esathathwa uNgcobo ekugcineni kwendaba? Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)

**[35]**

**AMAMAKI ESEWONKE = 70**

## IMEMORANDAMU

1.1 Bangabanga/baboshwe ndawonye.
1.2 Udweshu lwangaphandle.
1.3 Yebo ukwazile. Abeqile kwabahlanu.
1.4 Iyongena/ iyolala/ iyozifaka
1.5 Yebo. Usivezelile umlimgiswa osemqoka okungu Senzo. Usivezelile inkinga uSenzo abhekene nayo yokungavakashela. Usivezelile ukuthi indaba yenzeka ejele kanye nesisusa sodweshu lapho uDumisani ecebisa uSenzo ngokumele akwenze.
1.6 Wayebalekela amanye amacala akhe.
1.7 Wacabangisisa eseyedwa wabona ukuthi uyamudinga ngampela umuntu ozomuvakashela.
1.8 Ukuthola ukuthi le ntombi etholwe uSenzo ingudade wabo.
1.9 Yebo. Wonke umuntu uyaludinga uthando/ cha. Ngeke wazi ukuthi lo muntu uyingozi noma cha.

**BENGINGEKE NGISAKWAZI**

2.1 UThemba Skhosana

2.2 Wabona ukuthi azothatha Isikhathi ukufika, kanti wayeselangazelele ukuthola ukuthi kwenzakanani.

2.3 Yebo. Isizinda sendawo siqoqekile asigcogcomi.

2.4 Wathuka kakhulu.

2.5Wathola ukuthi unegciwane lengculazi. Wayedliwa unembeza wokuthi usulele uNtombi.

2.6 Umoya wokwethuka. UMamdluli uthuswa ukuthi umyeni wakhe akabuyi aphinde athuswe ukufonelwa amaphoyisa emazisa ngomyeni wakhe.

2.7 Umama wakhe wayengamulaleli futhi engameseke. Uthemba wayemunukubeza waze wamesulela ngegciwane.

2.8 Isiphetho sale ndaba asigculisi ngoba sigcina singatholanga ukuthi kwenzakalani ngoThemba njengoba engashonanga. (nokunye okunembayo)

2.9 Wayengacela usizo kwabezenhlalakahle noma axoxe nomuntu amethembayo, isihlobo noma uthisha. (izimpendulo zizohluka)

**ELOKUFA ALITSHELI**.

3.1 Wayebhema insangu

3.2 Ubaba nendodana.

3.3 Umoya wentukuthelo. UMahlase udinwe ugane unwabu ngesenzo sikaVela

3.4 Udweshu lwangaphandle. UVela ushaywa uyise baze bagcine sebememezana.]

3.5 Siyahambisana. OBhiza bahlaselwa unogada bengazelele.

3.6 Izinhlungu.

3.7 Cha. Yonke indawo lapho avela khona abantu abahleki kodwa bayadumala.]

3.8 Sivezelwe umlimgiswa osemqoka uVela nenkinga abhekene nayo yokungazwani noyise.

3.9 Wangqubuzeka esihlalweni. Waxabana nomshayeli.

3.10 Cha. Wonke umuntu unelungelo lokuphila/ nokunye okunembayo.

4.1 Bangabangani

4.2 Bayalelwa ukuba bathathe amabhodlela netshe.

4.3 Ayezobhala izikhalo zihanjiswe kunogada.

4.4 Ngaphandle kokukhuluma

4.5 Unogada. Washaya uBhiza

4.6 Unogada waphuma nenja laqala lahlehla iqulu.

